

# Umthethosisekelo we Ekuthuleni Communal Property Association

## Isendlalelo (*Preamble*)

Abahlali base St. Bernard's bafisa ukwamukela umnikelo wepulazi abahlala kulo kwi siFundabhishobhi saseMariannahill.

## 1. USoseshini nezinhloso zawo

- 1.1. Lomthethosisekelo usungula iEkuthuleni Communal Property Association("usoseshini") okunhloso yawo:
  - 1.1.1 ukwamukela ipulazi elaziwa ngokuthi iSt. Bernard's elakhiwe Remainder of farm St Bernard no 17743 ("umhlaba") kwisiFundabhishobhi,
  - 1.1.2 ukuvikela amalungelo abahlali, imizi kanye namaqenjana emikhakha ehlukehlukehene emhlabeni oyipulazi likasoseshini
  - 1.1.3 ukwenza ukuthi abahlali bakwazi ukuthatha izinqumo ngokuhlanganyela futhi balawule ukuthi ubani ongahlala emhlabeni lo nokuthi uzosetshenziswa kanjani,
  - 1.1.4 ukwenza ukuthi kuthuthukiswe izingqalasizinda, amaprojekthi kanye nezinsiza ukuze kusizakale abahlali
- 1.2 USoseshini wakhiwe ngabo bonke abantu abangabahlali, futhi usebenza njengesakhiwo esisemthethweni ngokwezinhloso nenqubo eshiwo yilomthethosisekelo.
- 1.3 USoseshini ungayandisa impahla yawo ngokuthi uthenge ngezimali zawo noma wemukele okwedluliselwa kuwo.

## 2. Abahlali

- 2.1. Umhlali yilunga lomuzi onikiwe indawo ngokomthethosisekelo futhi onekhaya endaweni.
- 2.2. Bonke abahlali asebefinyelele eminyakeni eyi-18 bangabahlali abadala.

## 3. Amalungelo nemisebenzi yabahlali

- 3.1 Bonke abahlali abadala banelungelo loku:
  - 3.1.1 ukuza, bazibandakanye futhi bavote emhlanganweni womphakathi
  - 3.1.2 bangenele ukhetho lwekomidi lezemihlaba
  - 3.1.3 ukuhlola amarekhodi kasoseshini
- 3.2 Abahlali banelungelo lokuyofuna usizo uma bekholwa ukuthi amalungelo abo ayahlukunyezwa.

- 3.3 Kungumsebenzi wabahlali ukuwazi lomthethosisekelo nemithetho yomphakathi nokubika ekomidini lezemihlaba uma kukhona ukwepfulwa kwemithetho.
- 3.4 Amalungelo abahlali kumele asetshenziswe ngendlela ehambisana nalomthethosisekelo nemithetho yomphakathi evunywe emhlanganweni womphakathi.
- 3.5 Abahlali kumele bazikhokhe izimali okuvunyelwene ngazo emhlanganweni womphakathi

#### **4. Amalungelo nemisebenzi ezindaweni zemizi**

- 4.1. Imincele yemizi iyogcizelelwa injengoba yayinjalo ngesikhathi kwedluliselwa ubunikazi bomhlaba kuSoseshini, bese kuthi emva kwalokho, leyomizi engaphakathi kwaleyomincele ivuselele ubunikazi bayo emhlanganweni womphakathi, kuqoshwe phansi lokhu, futhi kube yiwona mbandela oza ngaphambi kokuthi umuzi nomuzi uvumeleke ukungena noma yikuziphi izivumelwanoezithinta izindawo zayo.
- 4.2. Umhlangano womphakathi ngeke wathatha izinqumo mayelana nezinguquko ezinkulu ekusetshenzisweni kwemihlaba engaphakathi kwemincele yemizi noma unikeze abanye indawo noma ngabe ingxenyana yayo, ngale kwemvume yomuzi.
- 4.3. Amalunga amadala omuzi kumele avumelane ngokuthi ziyothathwa kanjani izinqumo zomuzi, nokuthi ubani oyomela futhi enze izinto egameni lawo.
- 4.4. Uma izinqumo zomuzi zikuvuma lokhu, amalunga omuzi:
  - 4.4.1 angazakhela izindlu
  - 4.4.2 alime amasimu
  - 4.4.3 avule futhi aqhube amabhizinisi angeyona ingozi empilweni noma inhlalakahle yomphakathi
  - 4.4.4 angabelwa izingxanye ezithize zendawo yomuzi angayisebenzisela izidingo zayo,
  - 4.4.5 angabeka izihlobo endaweni yomuzi
  - 4.4.6 angenza izivumelwano eziqoshwe phansi nabanye abahlali abangewona amalunga omuzi ukuthi basebenzise ingxanye yendawo yomuzi okuvunyelwenwe ngayo isikhathi leso esivunyelwenwe,
  - 4.4.7 ahlele ukuthi agadelwe umuzi nempahla yawo uma esahambile. Labobantu abayobe begadile ababona abahlali ngokwalomthethosisekelo futhi angeke basikelwe indawo.
- 4.5 Amalunga amadala omuzi anganquma:
  - 4.5.1 izinguquko ezinkulu mayelana nokusetshenziswa kwendawo.
  - 4.5.2 Ukusikela amalunga omndeni wawo ingxanye yendawo yawo, acele ikomidi lezemihlaba ukuthi liyidabule bese liyibhalisa njengomuzi omusha
  - 4.5.3 Ukuyishiya indawo

- 4.6 Uma umuzi ushiya indawo:
  - 4.6.1 awunalungelo lokunikezela ngendawo leyo nakunoma ubani
  - 4.6.2 ungazidayisa izindlu kubahlali abafanele, njengokuchaza kwesigatshana 8.
- 4.7 Omele umuzi kumele atshele ikomidi lezemihlaba:
  - 4.7.1 ngezinguquko ezinkulu ekusetshenzisweni kwendawo yomuzi
  - 4.7.2 uma umuzi uhlela ukuhamba nokuthi obani abathintekayo ekuthathweni kwalesosinqumo
  - 4.7.3 uma uhlela ukusikela elinye lamalunga awo indawo ngenhloso yokwakha omunye umuzi
  - 4.7.4 uma isihlobo sizohlala kulomuzi
  - 4.7.5 uma kukhona ozogada umuzi
  - 4.7.6 uma kukhona ukuqashiselana ngengxenye yendawo yomuzi kubantu abangesiwo amalunga omuzi
- 4.8 Uma omele umuzi eyeka kumele lowo noma amalunga omuzi azise ikomidi lezemihlaba
- 4.9 Kungumsebenzi wayo yonke imizi ukukhokha izimali okuvunyelenwe ngazo emhlanganweni yomphakathi

## **5. Amalungelo nemisebenzi kulezondawo ezingakasikelwa muntu**

- 5.1 Ukusetshenziswa kwezindawo ezingasikelwe muntu futhi okungekho zivumelwano ezoqoshwe phansi ngazo kuyoshiwo umhlangano womphakathi okuyiwo onga:
  - 5.1.1 nquma ukuthi izindawo ezithize kubekwa yini kuzo, ziyagodlwa noma zisikelwa abahlali abafisa ukuzisebenzisela okuthize noma abanye nje abazokwenza into ezosiza umphakathi
  - 5.1.2 nquma ukuthi imiphi imibandela nenqubo eyosetshenziswa kulokho kubeka, ukugodla noma ukusikela, uma kungeve sekukhona kulomthethosisekelo,
  - 5.1.3 nquma mayelana nezinguquko ezinkulu ekusetshenzisweni komhlaba noma ekuthenini ubani owusebenzisayo,
  - 5.1.4 nquma ukuthi sizokwakhiwa kanjani isikhwama ngokusebenzisa umhlaba/impahla nezinto zemvelo zikasoseshini nokuthi leyomali iyosetshenziswa kanjani,
  - 5.1.5 nquma ngezicelo zokusebenzisa umhlaba ezivela kubantu abangebona abahlali,
  - 5.1.6 gunyaza ikomidi lezemihlaba ukuzisebenzisa lezinqumo.
- 5.2 Kuyomele baziswe abahlali abasebenzisa umhlaba uma kukhona izinguquko ezinkulu ezihlongozwayo ekusetshenzisweni komhlaba, ezemvelo noma ukusikwa komhlaba,

- 5.3 Ngaphansi kwemithetho yomphakathi bonke abahlali banga,
  - 5.3.1 dlisa imfuyo yabo kulezongxenye zepulazi ezahlukaniselwe ukuthi zingamadlelo
  - 5.3.2 sebenzisa ezemvelo namahlathi atshaliwe epulazini
- 5.4 Abahlali banelungelo lokuthola amanzi okufeza izidingo zekhaya
- 5.5 Uma usekhona umhlaba, nezivumelwano eziqoshwe phansi zivuma, abahlali bangaziletha izicelo zokusikelwa indawo, ezokwakha izitolo amanye amabhizinisi kanye nokwenza amaprojekthi omphakathi, ekomidini lezemihlaba. Uma abahlali benalezinhloso, ikomidi lezemihlaba lingabanika indawo, inqobo nje uma kulandelwa imibandela yokukhetha ekulomthethosisekelo.

## **6. Umhlangano womphakathi**

- 6.1. Umhlangano womphakathi yiwona othatha izinqumo ezisemqoka kusoseshini. Yiwo futhi okhetha uphinde uyalele ikomidi lezemihlaba ekwenzeni imisebenzi yokuphatha, usize nasekuxazululeni izingxabano lapho abaxabene bengakwazi ukubuyisana bebodwa noma ikomidi lezemihlabanalo lehluleka.
- 6.2. Ikomidi lezemihlaba kumele libize imihlangano yomphakathi kube kanye njalo ezinyangeni ezi-3. Ojutshwe ukumema umphakathi kumele aqiniseke ukuthi umphakathi waziswa kusenesikhathi. Uma ikomidi lezemihlaba lehluleka ukubiza imihlangano, umphakathi kumele ulikhumbuze ngalomsebenzi walo, kuthi uma lisehluleka, abahlali abayi-10 bangawubiza umhlangano.
- 6.3. Owodwa kulemihlangano kufanele ube umhlangano wonyaka lapho ikomidi lezemihlaba libika khona ngezindaba zikasoseshini kukhethwe nekomidi lezemihlaba elisha.
- 6.4. Izindaba eziphuthumayo zingadingidwa emihlanganweni yomphakathi engabizwa zingakapheli izinyanga ezi-3
- 6.5. Bonke abahlali abadala bangeza bazibandakanye futhi bavote emhlanganweni womphakathi. Ukuze lomhlangano ukwazi ukuthatha izinqumo ezibopha wonke umphakathi, kumele kube khona okungenani abahlali aba-40 kwaba-100. Loluhlobo lwezinqumo luthathwa ngevoti leningi
- 6.6. Amaminithi nohla lwemizi emelwe abahlali abadala emhlanganweni othatha izinqumo ezibophayo kumele agcinwe

## **7. Ikomidi lezemihlaba**

- 7.1. Ikomidi lezemihlaba likhethwa emhlanganweni ongukhukhulela ngoqo oba kanye ngonyaka ukuba libhekele izindaba zikasoseshini futhi lisebenzise izinqumo zomhlangano womphakathi. Ukuze likwazi ukufeza lezinhloso linamandla:

- 7.1.1 okusayinda izincwadi ezisemthethweni egameni likasoseshini, kubandakanya incwadi yokwemukela ubunikazi bepulazi
  - 7.1.2 okwemukela izicelo zabantu abafuna indawo yokwakha, ukugodla izindawo ezithize noma ukwahlukanisela izindawo ezithize.
  - 7.1.3 Okubeka abantu ngokwenkambiso okuvunyelenwe ngayo emhlanganweni womphakathi noma kulomthethosisekelo kuthi uma kukhona izicelo ezingavunwa inkambiso yomphakathi noma yilomthethosisekelo, lezo-ke ziyiswe emhlanganweni womphakathi kube yiwo othatha isinqumo
  - 7.1.4 Okumela umphakathi ekuletheni izinsiza, ingqalasizinda kanye namaphrojekthi entuthuko,
  - 7.1.5 Okubiza umhlangano womphakathi
  - 7.1.6 okwenza ukuthi lomthethosisekelo nemithetho yomphakathi kusebenze,
  - 7.1.7 okulalela, baphenye futhi baxazulule izinxushunxushu ezithintene nomthethosisekelo nemithetho yomphakathi, kuthi lezo ezingaxazululeki bazudlulisele lapho kufanele khona.
  - 7.1.8 Okusungula futhi balondolozise imibhalo ethintene nokuphathwa kwepulazi, ikakhulukazi imibhalo esho ukuthi obani ababekiwe endaweni nanokusetshenziswa komhlaba
  - 7.1.9 Okwethula imibiko emhlanganweni womphakathi njengoba kufanele
  - 7.1.10 Okuvula futhi basebenzise I akhawunti yasebhange egameni likasoseshini
- 7.2 Ikomidi lezemihlaba kumele lakhiwe ngamalunga okungenani ayi-10 kuya kwayi-15, okuyobandakanywa kuwo abesifazane nentsha. Amalunga kumele kube abahlali abanentshisekelo yokusebenza, kufakwe nalabo abasenamandla futhi abanolwazi ngokuphathwa kwendawo ngokuphathelene nokusetshenziswa kwayo
- 7.3 Ikomidi lezemihlaba linqunyelwe iminyaka engeqile kwemi-3 likulomsebenzi
- 7.4 Ukhetho lwekomidi lezemihlaba kumele lwenziwe emhlanganweni ongukhukhulelangoqo wonyaka.
- 7.4.1 Bonke abahlali abadala banelungelo lokungenela ukhetho lwekomidi lezemihlaba
  - 7.4.2 Ngaphambi kokhetho amalunga ekomidi eliphumayo kumele acele ukuthi kuqokwe abantu aba-30, bahlele nokuthi kube khona umuntu oqhamuka ngaphandle ongachemile ozosiza futhi abheke ukuthi ukhetho luhanjiswa kahle. Amalunga ekomidi eliphumayo nawo angalungenela ukhetho.
  - 7.4.3 Abahlali abakhona emhlanganweni kawonkewonke wonyaka kumele bavote ngokuyimfihlo, kungaba ingamaphepha noma iyiphi-ke enye indlela eyoshiwo eqinisekisa ubumfihlo bevoti.
- 7.5 Emhlanganweni wokuqala wekomidi lezemihlaba elisanda kukhethwa, amalunga ekomidi kumele abheke umsebenzi omele wenziwe bese ebheka namakhono emalungeni, basebenzise lokhu ukukhetha uSihlalo, usekela wakhe, uNobhala, usekela wakhe kanye nomgcinimafa phakathi kwabo.

- 7.6 Ikomidi lezemihlaba kumele lihlangane okungenani kanye ngenyanga. Ukuze ikomidi likwazi ukwenza izinqumo ezibophayo, kumelekubekhona amalunga ayi-9. Izinqumo zenziwa ngevoti leningi.
- 7.7 Uma omunye onesikhundla eshiya ekomidini lezemihlaba, amalunga asele angaqokela kulesosikhundla omunye enanini labo. Uma inani lamalunga lize liba ngaphansi kwe-10, ikomidi lezemihlaba kumele libize umhlangano womphakathi ophuthumayo ukuze kukhethwe amalunga amasha azogcwalisa izikhala, nawo ayosebenza iminyaka engevile kwemi-3.
- 7.8 Imihlangano yekomidi lezemihlaba ingagunyaza amalunga anezikhundla ukuba asebenze ngawodwana, noma ngamaqenjana ukwenza imisebenzi ethize enqunyelwe isikhathi, kodwa esivuselelekayo. Lamaqenjana angabandakanya namalunga angekho ekomidini lezemihlaba nabangebona abahlali uma lokhu kudingekile, lamaqenjana kumele abike ekomidini lezemihlaba ngemisebenzi yawo. Ikomidi lezemihlaba kumele liwazise umphakathi ngokubakhona nokusebenza kwalamaqenjana.
- 7.9 Induna, ebuye ibe umhlali kumele ize emihlanganweni yekomidi lezemihlaba ukuze inikeze izeluleko mayelana nezinxushunxushu, ukweqiwa kwezimiso ezisemthethwenisisekelo nasemithethweni yomphakathi, ukulekelela ikomidi ekuxazululeni izinkinga ezifuze lezi, nokuthi ibe yingxenye yamaqenjana ajutshwe ukusebenza izindaba ezinjengalezi.
- 7.10 Uma ilunga lekomidi lezemihlaba lisolwa yinoma imuphi umhlali ngokungathembeki ezindabeni zikasoseshini, amanye amalunga ekomidi noma abanye abahlali abangunyazwe ukwenza lokho umhlangano womphakathi bangabiza amaphoyisa noma yiziphi ezinye izinhlaka ukuze ziphenye udaba lolu. Uma lowo obesolwa kutholakala ukuthi nembala unecala, kumele ayeke ekomidini lezemihlaba angaphindi alungenele ukhetho.
- 7.11 Uma ikomidi lezemihlaba lehluleka ukwenza umsebenzi walo, umhlangano womphakathi ungagunyaza umhlali noma abahlali ukuthi bathathe izinyathelo zokubuyisela izinto esimweni esilungile kusoseshini

## **Ukonganyelwa komhlaba nempahla**

### **8. Ukubekwa kwemizi**

- 8.1 Abahlali abafuna ukwakha imizi emisha kumele baqale bacele emakubo ingxenyanana yendawo yabo. Uma umndenini uvuma, leyondawo oyikhombile kumele liyikhombise ikomidi lezemihlaba okuyilo okumele libeke futhi libhalise lowomuzi omusha.
- 8.2 Umhlali ongayitholi indawo emndenini wakhe, kumele afake isicelo sakhe ekomidini lezemihlaba. Uma usekhona umhlaba wokubeka, ikomidi lingababeka uma:

- 8.2.1 bengamadodana abahlali aseshadile noma bengamadodakazi abahlali aneminyaka engaphezu kwe-45 futhi sebenezingane ezineminyaka engaphezu kwe-18
- 8.2.2 bezalewe eSt. Bernard's
- 8.2.3 bengamakholwa futhi behlonipha
- 8.3 Kuyobhekela kuqala leyo mizila enezindawo ezincane uma kubekwa imizi emisha
- 8.4 Omele umuzi omusha kuyomele ethulwe ngokusemthethweni emhlanganweni womphakathi
- 8.5 Abangebona abahlali angeke babekwa la epulazini

## **9. Ukubeka emanxiweni**

- 9.1 Uma umuzi uceba ukushiya indawoyawo, owumele kumele azise ikomidi lezemihlaba. Uma leyondawo ingenamuntu nazindlu ezisele kuyo, kungabekwa kuyo.
- 9.2 Uma wonke amalunga omuzi ehamba engalazisanga ikomidi lezemihlaba kungabekwa kuphela uma sekuphele iminyaka emi-2 kwahanjwa, kuthi labo ababengabanikazi balahlekelwe ilungelo labo kuyo.
- 9.3 Ikomidi lezemihlaba kumele lazise umphakathi emhlanganweni wawo uma kukhona inxiwa elivele.
- 9.4 Umuzi oshiya indawo yawo inezindlu, kumele uthole ozozithenga kungakapheli iminyaka e-2. Othengayo kumele kube ongumhlali. Emva kweminyaka emi-2 izindlu lezo ziyodilizwa, bese kuyabekwa enxiweni.

## **10. Ukusetshenziswa kwendawo yomuzi ngabangaphandle kwawo**

- 10.1 Aumhlali, kumbe iqenjana labahlali abafisa ukusebenzisa ingxenye ethile yendawo enomnikazi, kumele bafake isicelo kuye.
- 10.2 Labo abadinga indawo leyo, kumele babhale phansi isivumelwano esishoyo ukuthi indawo leyo izosetshenziswa isikhathi esingakanani futhi igcinaphi imincele yayo
- 10.3 Omele umuzi lowo kumele azise ikomidi lezemihlaba ngalesosivumelwano.

## **11. Izindawo zokuqhuba amaphrojekthi**

- 11.1 Abahlali abafisa ukusebenzisa ukusebenzisa lezondawo okungabekiwe muntu kuzo bezisebenzisela amaphrojekthi omphakathi, kumele bacele ekomidini lezemihlaba bachaze nakabanzi ngalawomaphrojekthi

- 11.2 Leyoncazelo kumele icacise ngemigomo iphrojekthi leyo ezosebenzela phezu kwayo nanokuthi inzuzo iyokwabiwa kanjani kulabo abayingxenywe yephrojekthi kanye nabanye abahlali, lokhu kumele kubhalwe phansi kube yisivumelwano phakathi kwalabo abacela indawo leyo nososeshini. Isivumelwano lesi kumele siveze imincele yendawo futhi sisho nanokuthi iyosetshenziswa isikhathi esingakanani
- 11.3 Ikomidi lezemihlaba lingayemukela iphrojekthi enjalo. Amaphrojekthi abandakanya abahlali abaningi naveza amathupha emsebenzi kubahlali abaningi kumele avunywe kuqala. Uma kungenzeka, amaphrojekthi aveza amathuba emisebenzi kumele anike amathuba kubahlali ngokushintshana
- 11.4 Umhlangano womphakathi kumele uthole imibiko mayelana nokuqhubeka kwamaphrojekthi omphakathi
- 11.5 Uma sesiphelile isikhathi sephrojekthi, ikomidi lezemihlaba kumele libuyekeze isivumelwano bese linquma ukuthi singavuselelwa yini noma qha.

## **12. Indawo yezitolo namabhizinisi**

- 12.1 Abahlali abafisa ukwkhona izitolo noma ukuqala amabhizinisi ezindaweni ezingahleli muntu kumele bafake izicelo zalokhu ekomidini lezemihlaba.
- 12.2 Kumele kubhalwe isivumelwano phakathi kwalabo abafaka izicelo nososeshini ezishoyo ukuthi izitolo noma amabhizinisi lawo azosebenza isikhathi esingakanani nanokuthi izogcina kuphi imincele yawo.
- 12.3 Ikomidi lezemihlaba lingazivuma izicelo zendawo yokuqhuba lamabhizinisi uma engezophazamisa impilo nenhlalakahle yabahlali

## **13 Imibhalo nobufakazi ngamalungelo**

- 13.1 Ngokuxhumana nalabo abanomnako, ikomidi lezemihlaba kumele libhale futhi libe yilokhu liyivuselela imibhalo ngalokhu okulandelayo ukwenzela ukuthi ibe ubufakazi bamalungelo abanawo abahlali, futhi okuyothi uma kukhona abafuna ukuyihlola lemibhalo bakwenze lokho ngokunxusa kwabahlali:
  - 13.1.1 wonke amaphepha aphathelene nokubekwa nokwahlukaniswa kwendawo
  - 13.1.2 uhla lwemizi nezindawo zayo
  - 13.1.3 izihlobo ezingeniswe ezindaweni zemizi ekhona
  - 13.1.4 ababhasobhe imizi
  - 13.1.5 umthethosisekelo nemithetho yomphakathi nezichibiyelo zakhona
  - 13.1.6 izimali zikasoseshini
  - 13.1.7 amaminithi emihlangano yekomidi lezemihlaba neyomphakathi
- 13.2 Ikomidi lezemihlaba kumele ligcine amakhophi alokhu okulandelayo:
  - 13.2.1 izivumelwani lapho umuzi othize usebenzisa indawo yomunye umuzi
  - 13.2.2 imibhalo emidala okungenzeka iveze namagama emizi eyabekwa ngumnikazi wangaphambilini



- 13.3 Imincele yezindawo zemizi nokunye kumele ikhonjiswe ngezikhonkwane, hhayi ngamatshe
- 13.4 Ikomidi lezemihlaba kumele linike umuzi ikhophi yombhalo ophathelene nendawo yawo

## **14. Ezezimali**

- 14.1 Umhlangano womphakathikumele unqumeukuthi:
  - 14.1.1 sizokwaxhiwa kanjani isikhwama ngokusebenzisa impahla kasoseshini,
  - 14.1.2 zizokhokhwa kanjani izintela zokusimamisa impahla kasoseshini nokwenza ukuthi abahlali bakwazi ukusizakala
- 14.2 Yonke imali eyakheke ngokusebenzisa impahlakasoseshini noma ngezintela kumele igcinwe ebhange likasoseshini, isetshenziswe njengokomyalelo womhlangano womphakathi. Amalunga amabili ekomidi lezemihlaba asezikhundleni ayogunyaza ukukhishwa/ukusetshenziswa kwezimali.
- 14.3 Imali etholakele egameni likasoseshini kumele igcinwe ebhange likasoseshini bese isetshenziswa ngokwezivumelwano nalabo abayinikelile
- 14.4 Ikomidi lezemihlaba kumele libhale izimali ngendlela eyemukelekile okubhalwa ngayo izincwadi zezezimali, futhi bavumele abahlali abafuna ukuzibheka
- 14.5 Ikomidi lezemihlaba kumele libike emhlanganweni womphakathi mayelana nezimali ezingenile neziphumile

## **15. Imithetho yomphakathi**

- 15.1 Kumele kube nemithetho yomphakathi ecacile futhi ebopha bonke abahlali ukuze uphatheke kahle umhlaba kasoseshini
- 15.2 Ikomidi lezemihlaba lingakhetha amakomidi okuthuthukisa noma ukuguqulaimithetho yomphakathi futhi aveze nezindlela zokujezisa lapho lemithetho noma umthethosisekelo wephulwa. Leyomithetho, izinguquko nezijezo zisebenza kuphelauma zivunyiwe emhlanganweni womphakathi
- 15.3 Abahlali kumele babike izenzo zokwephulaumthetho ekomidini lezemihlaba
- 15.4 Ikomidi lezemihlaba lingakhetha amakomidi okuphenya ukwephulwa kwemithetho yomphakathi. Abahlali abatholakele benecala bayojeziswa ngokufanele

## **16. Izingxabano**

- 16.1 Abaxabana ngokubanga imincele, amalungelo noma yini ezuzwa ngokusebenzisa umhlaba noma impahla kasoseshini, kumele baqale ngokuzama ukuzixazululela ingxabano leyo bebodwa
- 16.2 Uma behluleka ukuxazulula inkinga, ikomidi lezemihlaba lingazama, libambisene nomakhelwane noma umhlangano womphakathi kuye ngokuthi yikuphi okubonakala kufanele
- 16.3 Uma ikomidi lezemihlaba lehluleka ukuxazulula leyongxabano kumele lizame ukuncenga abaxabane ukuba bavume ukubambisana nomlamuli wangaphandle bahloniphe nesinqumo sakhe
- 16.4 Ingxabano phakathi komhlali nekomidi lezemihlaba engaxazululeki kumele iyiswe emhlanganweni womphakathi
- 16.5 Uma nalapho ingaxazululeki, kungefanela ukuthi kubhalelwe uMqondisi-jikelele woMnyango wezemihlaba umcele aqoke umlamuli

## **17. Insizakalo**

- 17.1 Umhlali ongenelisekile ngezinqumo ezithintene nomthethosisekelo noma imithetho yomphakathi, angakhalaza ekomidini lezemihlaba, okumele liphenye lizame ukuluxazulula lolodaba.
- 17.2 Uma umhlali engakeneliseki angabhalela acele uMqondisi omkhulu woMnyango wezemihlaba ukuba aqoke umlamuli noma alufake enkantolo udaba

## **18 Izinguquko emthethwenisisekelo**

Umhlangano womphakathi ungayalela ikomidi lezemihlaba ukukhetha ithimba elizokwenza izinguquko emthethwenisisekelo. Lezonguquko zisebenza kuphela emva kokuthi sezivunyiwe emhlanganweni womphakathi

## **19 Ukuhlakazwa kukasoseshini**

Umhlangano womphakathi okukhona kuwo abahlali abangaba ama 60 kwabayi-100 futhi beqhamuka zigodi zonke bangawuhlakaza usoseshini banqume futhi kwenziweni ngempahla kasoseshini. Kodwa okuqondene nezindawo zemizi kunqunywa yimizi kuphela.

## **IMITHETHO YOMPHAKATHI**

Bonke abafisa ukugawula izibonda zokwakha ehlathini lomphakathi kuyomele baceleimvume ekomidini lezemihlaba. Ikomidi-ke liyokhipha ilunga libe linye emalungeni alo eliyohamba nalowo oyobe eyitholile imvume ukuyomkhombisa lapho engagawula khona. Inani lesibonda ngasinye kuyoba uR2.00, kumuntu wangaphakathi nowangaphandle ngokufanayo.